UMYALEZO WOMPHAKATHI

uMasipala wesifunda uMgungundlovu, unxusa abahlali ezindaweni lapho uMasipala ufakela khona amanzi, okungomasipala iRichmond, uMngeni, iMpendle, uMshwathi, iMpofana kanye noMkhambathini ukuthi nibheke uhlelo lokuthathwa kukagesi(load shedding) ezindaweni zenu, ngoba ukuphakelwa kwamanzi kuyaphazamiseka makuhamba ugesi.

Ngenxa yokuthi uMasipala wesifunda usebenzisa ugesi ukufuqa amanzi esuswa lapho ehlanzwa khona, eyiswa kwizingodlamanzi(reservoirs), uma ugesi uthathwa amahora amane noma ngaphezulu, izindawo eziningi ziyaphazamiseka ngokuthi angabibikho amanzi, noma umfutho ube mncane kakhulu.

Abahlali bayacelwa ukuthi benze amacebo okuthi babenawo amanzi okuwasebenzisa ngesikhathi kusahambe ugesi. SinguMasipala, siphezu kohlelo lokuthi sibe nendlela yokufaka izinsiza zokuthi uma uhamba ugesi, kungaphazamiseki ukuphakelwa kwamanzi.

Uma kuhambe ugesi ngokohlelo lokuthathwa kwawo(load shedding), asikho Isidingo sokubika. Uma ugesi usubuyile, ama “pumps” ethu aqala phansi asebenze. Siyawunxenxa kakhulu umphakathi ukuthi usebenzise amanzi ngendlela eyongayo.

uMasipala wesifunda uMgungundlovu, uzibophezele ekuqinisekiseni ukuthi ukulethwa kwamanzi nokuthuthwa kwendle, kwenzeka ngendlela ethembekile.

----------END----------

Issued by uMgungundlovu District Municipality Communications Unit on 18 January 2023